



**uMzinyathi**  
District Municipality



# NEWS

## UMZINYATHI DISTRICT MUNICIPALITY

QUARTERLY EDITION 2022

# OKUQUKETHWE

Baphume bakhekile abesifazane kugujwa usuku lwe-Women's Day eMzinyathi.....	pg3
Ikhosomba leMeya: Ald Petros Ngubane.....	pg4
Siyaziqhenya ngabesifazane baseNgome, eMvoti .....	pg5
IMeya U-Ald Ngubane Uhalalisele Abesifazane Abazimele.....	pg6
OwaseMzinyathi uqophe umlando ebuya nendondo kowama-Commonwealth Games .....	pg7
Ibanjwe ngelikhulu isasasa imidlalo ye-District Golden Games Selections.....	pg8



**uMzinyathi  
District Municipality**

# BAPHUME BAKHEKILE ABESIFAZANE KUGUJWA USUKU LWE-WOMEN'S DAY EMZINYATHI

Lo mgubho wosuku lwabesifazane ubuhlelwe uMasipala wesiFunda uMzinyathi ngokubambisa nenhlangano engenzi nzuko evikela ubukhosи bakaZulu eyaziwa ngeNdonsa yeSizwe.

UNdlunkulu weSizwe uNtokozo uKaMayisela Zulu obeyisikhulumi sosuku kulo mgubho utshele abantu besifazane ukuthi bayeke ukudonsela phansi ngokukhulumana kabi kodwa bafukulane ngezinto ezizobathuthukisa.

"Singabantu besifazane masiyeke ukwahlulelana nokupendana ngezinto ezimbi. Sonke njengoba sifake ama-make up kunezinto ezinzima esizithwele, abanye bethu baze besabe nokuxoxa ngazo ngoba siyahluvelana. Siyimbokodo sinamandla ake sizifundise ukuthandana nokubambana. Siphinde sizifundise ukuxolela uma kukhona abasonile ngoba akuxolela akusizi okonile kodwa kusiza wena," kubeka uNdlunkulu.

U-Adv Zandile Mshololo wodumo lwecala likanozinti we-Orlando Pirates utshele abesifazane ngokubaluleka kwemfundo.

"Imfundu iyisikhali esizonqoba ngaso ingcindezelo singomama nokuhlukenyezwa. Imfundu iyasisiza sikhwazi ukuthatha izinqumo eziphusile," kusho u-Adv Mshololo. Uphinde weluleka abesifazane

ngokubaluleka ngokukhetha uhlobo lomshado elungeke lubanike inkinga uma kwenzeka umshado uphela, ukubaluleka kwencwadi yef a (will) nokunye okuningi.

UMntwana Mukelile Zulu ukhuthaze abesifazane abasebancane ngokubaluleka kokuziphatha bazigcine. IMeya yesiFunda uMzinyathi Ald Petros Ngubane ukhumbuze abesifazane ngokubaluleka kwabo esizweni.

"Siyanithanda bantu besifazane niyasinakekela laba abahlukumeza abantu besifazane mabawuyeke lo mkhuba omubi kangaka. SiwuMasipala sigqquqzelu abesifazane ukuba benze imifelandawonye bazisebenze. Ondlunkulu bamakhosi nabo bebobwa benze imifelandawonye ezothuthukisa izizwe zabo belandela ezimfundisweni zabisifazane abenza umehluko esizweni okubalwa uNdlunkulu Mthaniya, Ndlunkulu Nandi, Ndlunkulu Magogo," Ndlunkulu Thomolozile,Ndlunkulu Mantfombi nabanye abaningi.

USolwazi Musa Xulu weNdonsa yesizwe unxuse ukuthi kube neZulu monument kungaphezi ukuqhakambiswa kwezinto ezenziwa ngabesifazane bakaZulu ukugqquqzelu nabanye besifazane ukuhamba ezinyathelweni zabo.



UNdlunkulu weSizwe uNtokozo uKaMayisela Zulu obeyisikhulumi sosuku kulo mgubho.

# IKHOSOMBA LEMEYA: ALD PETROS NGUBANE



**UMhlonishwa IMeya ALD PMS Ngubane**

Thuthuka Mzinyathi! Lokhu esizbekele khona kuveza ngokugcwelel ukuthi yini esihlose ukuyifeza kuMasipala wesiFunda uMzinyathi.

Inhoso noma izinhoso zethu ukuhola uhlelo lokuthuthukisa zonke izingxenye zoMzinyathi ngokuthuthukisa ingqalasizinda yethu nokusebenza kwezimali kanye nokuhlinzeka izidingo zabantu okuzonyusa ukusimama komnotho nenhlalo.

Ngemphumelelo sikhazile ukwenza izinhlelo zokuthuthukisa ingqalasizinda yethu yamanzi. Sishintshe amapayipi amadala ethusi safaka awe-plastic. Amapayipi e-plastic awathombi futhi awagugi phansi kalula.

Ukwakhiwa kwesiphehli samanzi esingamalitha angu-1,25 Mega Litre, sekuqualile endaweni yaseMashunka futhi kuzodaleka amathuba emisebenzi esikhashana

endaweni. Le ngqalasizinda yamanzi ka-R 45,7 million ingenkulukazi kulawo adonsa amanzi emfuleni iSampofu River.

Emzamweni wokubhekana nokuntuleka kwemisebenzi nobuphofu esiFundeni, siqale uhlelo lokuhlinzeka intsha ngamathuba emisebenzi, eNquthu, Ndumeni, Msinga nakuMasipala waseMvoti lapho siqasha intsha ngohlelo Iwe-EPWP.

Sesiphumelele ukwenza lokhu okulandelayo uma kuziwa kwezokuqashwa kwentsha ngohlelo Iwe-EPWP.

- Uhlelo lokuqashwa luqalile kuMasipala waseNdumeni.
- Uhlelo lokuqashwa luqalile kuMasipala waseNquthu noMsinga.
- Uhlelo lokuqashwa luqalile kuMasipala waseMvoti.

Siphinde sakwazi ukusingatha uMjaho wamaHhashi i-Dundee July 2022, emva kwezingqinamba ebezingalindelekile ezifike nobhubhane IweCovid, nokukudale ukuthi umjaho ungabi khona. I-Dundee July isihamble ibanga elide kusukela yasungulwa ngonyaka ka-2006, futhi uhulumeni usedlale indima enkulu ekuthuthukiseni umjaho ukuze ube kuleli zinga esilibonayo namuhla. Kuletha injabulo enkulu kimi ukusho ukuthi umjaho ube yimpumelelo enkulu kanti ibenomthelela omuhle emnothweni wamabhizinisi amanangi nabaphathi bamabhizinisi emikhakheni eyahlukene. Ngifuna ukubonga izihlaka zendawo, abahlali nezivakashi ngokwenza lo nyaka ube yimpumelelo.

Ngifisa ukuphinde ngibonge amaKhansela nabasebenzi ngokuhubeka nokusebenza ngokuzikhanda ekusebenzeleni abantu baseMzinyathi. Esikuzuzile kulesikhashana kukhombisa ukuthi asigcini icala kodwa sifeza izethembiso esazenza kubantu baseMzinyathi. Singu hulumeni osemsebenzini futhi abantu baseMzinyathi bangaqhube ka nokubekla amathemba abo kuthina. Thuthuka Mzinyathi!

The graphic features the uMzinyathi District Municipality logo on the left, which includes a crest with two birds and a central shield. Below the logo, the text "uMzinyathi District Municipality" is written in blue. To the right of the logo, the word "VISION" is written in large red capital letters. Below "VISION", a large black text block reads: "A DYNAMIC, AND VIABLE DISTRICT THAT PROMOTES GOOD GOVERNANCE, INTEGRATED AND SUSTAINABLE DEVELOPMENT". To the right of this text block is a stylized graphic element composed of overlapping red, yellow, green, and black triangles.

# SIYAZIQHENYA NGABESIFAZANE BASENGOME, EMVOTI



IMeya kaMasipala wesiFunda uMzinyathi uAld PMS Ngubane ihlabeke umxhwele ngempumelelo yabesifazane baseNgome eMsinga abafundiswe yilo Masipala imisebenzi yezandla ngaphansi kohlelo Iwe-Extended Public Works Programme.

Laba besifazane beSiyazama Co-Operative abafundiswe umsebenzi wezandla uMasipala bakha izimbenge, izinto zokuhlobisa besebenzisa ugesi, baphinde bakhe namacansi namavovo ngencema bathi bayowokukhohlwa befile uMasipala wesiFunda uMzinyathi obavule amehlo wabafundisa ukuziphilisa baze bathenga izimoto.

"Sifundiswe singazi lutho sihleli emakhaya umasipala wasinikeza abantu abafika abazosiqeqesha kulo msebenzi izinyanga ezintathu. Sase sihubeka nokusebenza njengoba besinenkontileka yonyaka. Siholelwa imali yokuthi sikhazi

ukuthenga insipho. Kuphele unyaka sesinomsebenzi omningi esiwenzile saqala sadayisa. Sithe sisazidayisela nje uMasipala wasibizela kolunye uqequesho lokonga imali olwasivula amehlo kakhulu saqala sadlala umholiswano we-R1000 nabanye omama imali esayithola lapho sabona ukuthi akuseyona yokuthenga isishebo sayibhinca saqhubeka kwathi kuphela iminyaka emibili ngathenga iveni eselilayisha izingane zesikole. Ngaqasha umfana olishayelayo," kusho uNkk Ntombifuthi Ngubane.

UNkk Nobuhle Kweyama uthi yena esekwazi ukufundisa izingane ezintathu zaggoka amajazi eNyuvesi elekelelana nobaba wekhaya obekuthi uma ubaba wekhaya empintshekile akwazi ukulekelela ngemali.

"Abanye bethu bakhile imizi ngale mali konke lokhu esikwenzayo ebelsingeke sikhazi ukukwenza ukube uMzinyathi awusinikanga lamasu okuphila," esho uNkk Kweyama.

IMeya uNgubane uthi kumthokozisa kakhulu lokhu okwenziwe yilaba besifazane abathe uma benikwa ithuba lokuziphilisa bagijima nalo bangabe besabheka emuva. "Siyaziqhenya kakhulu ngabo. Laba bafunde ngo-2019 kodwa sebebala izinto ezinkulu abazenzile okuyinto esijabulisa kakhulu ukuthi bafunde ukuzenzele bangabheki ukuphiwa izijumbane zokudla. Laba besifazane sebebuya naseGoli ukuyokhangisa umsebenzi wabo okuyinto abebengacabangi ukuthi iyoce ibehlele behleli la emakhaya. Nabanye abaqequeshiwe nesisabaqequesha abasike iphethini kulaba besifazane. Uqequesho oluqhukayelo njengamanje elokufundisa intsha i-security sibafundisa kuwo wonke ama-Grade ne-Fire arm. Abanye bafundiswa umsebenzi wepulangwe nokunye okuningi," kusho iMeya.



# IMEYA U-ALD NGUBANE UHALALISELE ABESIFAZANE ABAZIMELE

IMeya kaMasipala wesiFunda uMzinyathi ivale Inyanga yabesifazane ngokuhalisela bonke abesifazane abenze umehluko empilweni yabo emuva kokuba benikwe ithuba lokufunda wuMasipala bagijima nalo bangabe besabheka emuva.

Laba besifazane basePomeroy abebefunda ngaphansi kohlelo Iwe-EPWP ngo-2020 befundiswa ukuthunga kuthe uma kuphela inkontileka yabo emuva konyaka bafuna indawo yokusebenza khona ePomeroy. Kumanje bathungela izikole zasendaweni umfaniswano wesikole okuyi-Ntokozweni Primary neNtili Primary.

UNkk Phumelele Kunene ubonge uMasipala

uMzinyathi ngokubanika isinkwa. "Nathi emndenini yethu sesikwazi ukubeka isinkwa etafuleni ngenxa kaMasipala waseMzinyathi. Abantu abathungela imicimbi bayeza la sibathungele bagqoke babe bahle, sithunga umfaniswano wamabandla, wezikole ngisho amajazi alabo abathweswa iziqu siyawakhipha," esho.

Omunye wabo uNkk Bongiwe Gabela uthi sebeke babizwa nawuMasipala waseMsinga ongaphansi koMzinyathi mhlaka 09 June kulo nyaka ukuba bazokhangisa ngomsebenzi wabo kwi-Fashion Show.

"Amakilayenti amanangi siwathola kulowo mcimbi njengoba sesihlala simataso zonke izinsuku,"

kubeka uNkk Gabela.

IMeya kaMasipala wesiFunda uMzinyathi u-Ald PMS Ngubane ebahalisela uthe sengathi nabanye abaqeleshelwe amakhono ehlukene wumasipala bangasika iphethini kulaba besifazane.

"Sifisa abesifazane bafunde ukuzakha nokuzenzela bangathembeli kwabesilisa ngoba bagcina sebebahlukumeza ngoba bazi ukuthi bancike kubo kabakwazi kuzenzela lutho. Uqequesho luyaqhube ka esikhathi esingesingakanani sizobe sihalalisela abanye abafundiswe yilo masipala izincwadi zokushayela, nabafundiswe i-security," kusho uAld Ngubane.



**MISSION**

**WE ARE A UNITED FAMILY OF MUNICIPALITIES THAT CHAMPIONS SERVICE DELIVERY THROUGH CO-OPERATIVE GOVERNANCE AND PUBLIC PARTICIPATION.**



# OWASEMZINYATHI UQOPHE UMLANDO EBUYA NENDONDO KOWAMA-COMMONWEALTH GAMES

LUMasipala wesiFunda uMzinyathi uswelwe amaphiko okundiza injabulo kunqoba owaseMzinyathi ku-Commonwealth Games abebanjelwe e-England kusuka mhlaka 28 July kuya mhlaka 8 ku-August 2022. UPhiwokuhle Mnguni (20) ongumshayi sibhakela waseSibongile, eDundee usenze saziqhenya eMzinyathi sashayalo phezulu ebuya nendondo yethusi kule midlalo ewuchungechunge edumile emhlabeni wonke jikelele.

UMhlonishwa iMeya Ald Petros Ngubane uthsiyaziqhenya kakhulu ngoPhiwokuhle kanye noMqequeshi wakhe uMnu Nathi Hlatshwayo obehambe naye ukuyomela iNingizimu Afrika naye ongowaseDundee nezinsizwa ezimbili zase-Eastern Cape.

"Sithokoze kakhulu ngempumelelo yabo bebuya nezindondo njengoba nalo mfana wase-Eastern Cape sizwile ukuthi uyitholile naye. Impumelelo yabo siyafisa igqugquzelo nabanye abakulo mkhakha nabenza imikhakha eyehlukene bazi ukuthi umuntu angaba noma yini afisa ukuba yiyo okungakhathaleki ukuthi uphuma endaweni enjani. Umdlalo wesibhakela usenze sawola ingqwaba yezindondo namanje sisaghube ka nokuhlabana ngisho sesiqhathwe nabantu bomhlaba jikelele.

Siyambongela kakhulu ke uPhiwokuhle ngempumelelo yakhe sibongele nomndeni wakhe. UPhiwokuhle noMqequeshi wakhe njengoba bebuya ngehora leshumi bazokwemukelwe nguSekela Meya uNkk

Happiness Mchunu esikhumulweni sezindiza i-King Shaka International Airport lapho bezoba nesidlo setiye ngaphambi kokuba bafika lapho eMzinyathi sibe nesidlo sedina nabo ukubahalalisela," kusho iMeya.

UPhiwokuhle uthi uwine ngenxa yokusebenza kwakhe kanzima ezikhandla ejimini. Uthi yize benenselelo yezinto zokujima eziseqophelweni eliphezulu kodwa kumthokozisile ukuwukhombisa umhlaba ukuthi naseNingizimu Afrika akhona amabhokisa.

UPhiwokuhle uwine nje kulemidlalo yama-Commonwealth Games ubesevele ewuqophile umlando njengoba eyibhokisa lokuqala lesifazane ukuba liqokelwe kule midlalo.



UMhlonishwa iMeya uAld Petros Ngubane, kanye noPhiwokuhle Mnguni umqequeshi wakhe uMnuz Nathi Hlatshwayo kanye mama kaPhiwokuhle uNksz Lindokuhle Mnguni.

# IBANJWE NGELIKHULU ISASASA IMIDLALO YE-DISTRICT GOLDEN GAMES SELECTIONS

Imidlalo yezaguga ebizwa ye-District Golden Games Selections ibanjwe ngenkulu impumelelo kuMasipala wase Mvoti.

Lemidlalo ingolunye lwezinhlelo zoMnyango weZemidlalo ngokubambisana nomasipala ukukhuthaza ukuzivocavoca kubantu abadala balwe nezifo

emzimbeni ngenxa yokukhula kweminyaka.

Abaphumelele kulesigaba bazo qhubekela phambili kwimidlalo yokugcina yesiFundu lapho kuzobe kughudelana bonke abaphumelele koMasipala abangaphansi koMzinyathi.



## IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

**UMZINYATHI DISTRICT MUNICIPALITY**  
Tel: 034 219 1500  
Email: [rc3@umzinyathi.gov.za](mailto:rc3@umzinyathi.gov.za)

**UMVOTI LOCAL MUNICIPALITY**  
Tel: 033 413 9100  
Email: [info@umvoti.gov.za](mailto:info@umvoti.gov.za)

**MSINGA LOCAL MUNICIPALITY**  
Tel: 033 4930 760/1/2/3/4  
Email: [info@umsinga.gov.za](mailto:info@umsinga.gov.za)

**NQUTHU LOCAL MUNICIPALITY**  
Tel: 034 271 6100  
Email: [siyabongas@nquthu.gov.za](mailto:siyabongas@nquthu.gov.za)

**ENDUMENI LOCAL MUNICIPALITY**  
Tel: 034 212 2121  
Email: [registry@endumeni.gov.za](mailto:registry@endumeni.gov.za)